## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| | | | |
|---|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.*** | | | |
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** | **ISIQESHANA** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5-7 | A kanye no-B |
| | | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8-10 | C kanye no-D |
| | | | |
| 3 *Umshado* | 35 | 11-13 | E kanye no-F |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>***Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.*** | | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 14-17 | G kanye no-H |
| | | | |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 17-20 | I kanye no-J |
| | | | |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 20-24 | K kanye no-L |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>***Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.*** | | | |
| 7.1 *'Umunwe'* | 18 | 24-25 | M |
| | | | |
| 7.2 *'Ilobolo'* | 17 | 26 | N |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>***Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.*** | | | |
| 8.1 *'Ngingoweliba'* | 18 | 27-28 | |
| | | | |
| 8.2 *'Phansi'* | 17 | 28-29 | |

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| A: INOVELI | 1–3 | 1 | |
| | NOMA | | |
| B: UMDLALO | 4–6 | 1 | |
| | NOMA | | |
| C: IZINDABA EZIMFISHANE | 7 | 1 | |
| | NOMA | | |
| D: IZINKONDLO | 8 | 1 | |

**QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI – LF Mathenjwa*

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Bafike bamemukela kahle uSandanezwe kulo muzi. "Uliqhamukisa kuphi-ke mfo wasezizweni, wabukeka usisitheka nezishuqulu sengathi uliqhamukisa kude?" kubuza ungqwazi lwensizwa olunguFohlela, obhekana nabafikayo kulo muzi. "Wena wakomkhulu, ngiliqhamukisa ebaQulisini kwelasenhla, ngixoshwa yibo ubuhlungu osebungiqhube baze bangifikisa kule ndawo. Bese ngizwile ngosibhincamakhasane ukuthi hleze kulolu sizi lwami ngingephulwa lapha ekhaya."
"Cha, kuyezwakala nsizwa yakithi. Khona baningi abayaye bafike lapha ekhaya bahambe nokho sebebuzwa ubungcono egazini. Siyethemba-ke ukuthi nawe uma elakini linawe, kuyoba njalo. Okwamanje usazolinda lapha kule ndlu, uzobizwa uma inyanga isikhululekile, kumanje nje isematasatasa ngezinye iziguli."
"Ngiyawubonga umusa wakho mfowakithi. Cha, nami sengizohlalela ethembeni nakuba kuthiwa alibulali, ngendlela **osungimise isibindi** ngayo. Ukuthi kuyasetshenzwa akusho wena, kepha kusho izinkumbi lezi ezigcwele umuzi."
Esahleli kuleyo ndlu ayefakwe kuyo, bamlethela ukudla wadla **wabe esezibeka phansi, wacambalala**. Kusihlwa wabona ngomfanyana esemlandile eseyomethula kuye ufeleba onguNonkamfela. Wathi engena nje endlini, wazithela kuyo insizwa eyisigqigqana, isho ngamagwegwana, amazinyo ayizimbazo ngaphandle ongafunga ukuthi ngendlela aphume ngayo, izindebe ziyajuluka ukuwavala.

1.1 Ngubani igama lalo mlisa obhekana nabafikayo kulo muzi okukhulunywa ngawo kulesi siqeshana? (1)

1.2 Bhala indawo athi uSandanezwe uliqhamukisa kuyo ngokwalesi siqeshana. (1)

1.3 UNonkamfela wathi uyilanda kuphi eyakhe imithi? (1)

1.4 USandanezwe wezwa ngobani ukuthi kungenzeka aluthole usizo kulo feleba onguNonkamfela? (2)

1.5 Bhala isizathu zikaZondiwe sokunikela kwamalume wakhe ngesikhathi ethathe ikhefu lezinsukwana emsebenzini. (2)

1.6 Uyavuma noma uyaphika ukuthi uSandanezwe wenza iphutha ngokweqa esibhedlela. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: "**wabe esezibeka phansi, wacambalala**" sisho ...

A Ukugula isikhathi eside.
B Ukuhamba uyofuna usizo.
C Ukulala isikhashana esifushane.
D Ukubaleka endaweni yangakini. (1)

1.8 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo.

ngendlela **osungimise isibindi** ngayo (2)

1.9 Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi baningi abantu ababesinda emva kokulashwa nguNonkamfela. (2)

1.10 Ngabe yini eyayenza ukuthi uSandanezwe abone ukuthi angathola usizo olungcono ezinyangeni. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.11 USandanezwe ungumlingiswa omkhulu kule noveli. Sekela lesi sitatimende esingenhla ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.12 Chaza ngodweshu lwangaphandle phakathi kukaZabalaza noNokulindela mhla uZabalaza emtshela ukuthi uSandanezwe weqa esibhedlela waya enyangeni. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

Wethuka kabi uSandanezwe uma odokotela bemtshela ukuthi uyagula kanti yena wayazi ukuthi uphile nse, kwazise uZulu wansondo wayethembele ezimbizeni zakhe ayechatha ngazo abuye aziphuze imihla namalanga. Izimbiza azimsizanga ngoba kwafohla kunjalo ukufa.

Wayilandisa-ke inyanga umfo kaMkhumane.

"Khona sengihambahambile kuleziya zibhedlela zeTheku baba ngalesi sifo, nakoKhongela imbala sengibuya khona. Inkinga engima du ukuthi bonke labo dokotela bathi ababoni lutho."

Wahleka kancane uNonkamfela, "Usho ukuthi mfana phezu kwalezi zibhedlela ozibalayo bonke labo dokotela bathi ababoni lutho?"

"Njengoba ngisho nje baba. Iningi labo liyaqagela, kube yiloyo azisholo okwakhe akuthandayo. Ngaleyo ndlela kuze kube manje angazi ukuthi ngidliwa yini."

"Hhayi-ke akusenani mfana, usazoke ubonwe zinyanga zoqobo oNonkamfela hhayi imiphuphe nje."

"Impela khona sengike ngahlupheka abanye besho isifo sofuba, abanye besho umdlavuza, ngigcine ngingasaqondi ukuthi yikhona kuphi."

| |
|---|
| Eseyilande yonke indaba uSandanezwe ukuthi wayesande kanjani nezwe ngalesi sifo, wezwakala uNonkamfela ethi; "Uyabona-ke mfo wasebaQulisini, usufike kwabokugcina uma usufike kimina Mankonofela owankonofela izifo zabafo nabafokazana. Ukufa mina angibhekani nakho, ngikushaya ngikubhuqe. Lokhu kufa okukuphethe ngizokuqeda nya, uyobuyela ekhaya **usungumqemane**." |

1.13 Ngubani isibongo sikaNonkamfela lo okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana esingenhla? (1)

1.14 Yiliphi idolobha elikhulu okukhulunywa ngalo kulesi siqeshana? (1)

1.15 Ngabe ziyakholeka noma cha izinto uSandanezwe ayezitshelwa abantu ababonayo? Sekela impendulo yakho. (2)

1.16 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana:

"...uyobuyela ekhaya **usungumqemane**." (2)

1.17 Uthini umbono wakho ngesenzo sikaNonkamfela sokuntshontsha isitho sangasese sowesifazane owayeshone engozini yebhasi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.18 Ngokucabanga kwakho kungumqomdo omuhle yini ukuthi abantu besilisa baqonywe yizintombi eziningi njengoba kwakwenza uSandanezwe esasebenza ezitimeleni zamanzi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.19 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni isu lokujeqeza emuva ubhekise esigamekweni sokuqala kukaSandanezwe ukugula. (2)

1.20 Ukuba wena wawuyinkosi yendawo wawuyobajezisa ngandlelani oNomgedla, uZabalaza kanye noJiyane ngecala labo lokuthakatha uNokulindela. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

## UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI*-SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

## ISIQESHANA C

Ngokujwayelekile izinsizwa eziningi zale ndawo zazilibalekela ipulazi zihambe zijubalale ziyosebenza eGoli, ezinye ezimayini eKhimbili, bese kuthi ezinye ziye eThekwini, eBhayi naseKapa njalo njalo. Kuyinto nje ejwayelekile ukuthi abantu bale ndawo bayishiye bayosebenza kwenye indawo, ngisho namantombazane nawo imbala ayehamba ebamba amatoho emapulazini angomakhelwane. Umlungu kwakwenzeka uwuxoshe lowo muzi uma engasekho umuntu osebenza isithupha.

Ebubhungwini bakhe naye uManyoba kwadingeka ukuthi ayosebenza isithupha epulazini ukuze umndeni wakubo uhlale endaweni yomlungu. Ipulazi lalibude buduze noMgungundlovana. Kulapha-ke lapho le nsizwa yazenzela udumo ngokudlala ibhola lezinyawo emakilabhini amaningi. Kusihlwa le nsizwa yayicula umculo owawaziwa ngokuthi, "ingomabusuku," lapho kuculwa khona kuze kuse. Ngaleso sikhathi kwakungekho mali etholwayo ngokucula kwakuwudumo nje kuphela ababeziqhenya ngalo. Uma bengaculi, babedlala ibhola noma bangcweke ngezinduku **bekhipha amangwevu** okungubuchwepheshe bakhona. Uma lezi zinsizwa zivakashele eMgungundlovana zazaziwa ngokusina **uma sezimnandi.**

UManyoba wasebenza isikhathi eside epulazini maqede weqa, wabona kungcono ukuthi ayosebenza lapho ethanda khona. Engakeqi epulazini wabonana, wathandana noNtombi Ndlovu, ongowokuzalwa eMvoti. UNtombi wayezalwa nguShali kaNgwagwane entombini yakwaZondi kwesikaBhambatha isizwe, eNgome.

2.1 Ngokwalesi siqeshana amantombazane akule ndawo ayewabamba kuphi amatoho? (1)

2.2 Bhala igama ledolobha uManyoba aya kulo emva kokweqa epulazini. (1)

2.3 Yini eyamakhela udumo uManyoba ngokwasesiqeshini esingenhla? (1)

2.4 Imindeni enjani eyayinelungelo lokuhlala epulazini lomlungu? (2)

2.5 Bhala isizathu sikaManyoba sokweqa epulazini aye kosebenza lapho ethanda khona. (2)

2.6 Uyavuma noma uyaphika ukuthi zonke izinsizwa zakule ndawo yangakubo kaManyoba zazilibalekela ipulazi ziyosebenza kwandonga ziyaduma. Sekela impendulo yakho. (2)

2.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: "**bekhipha amangwevu** " sisho ...

A Ukukhipha wonke amandla.
B Ukukhipha lonke iqiniso.
C Ukusebenzisa amaqhinga amaningi.
D Ukukhuluma amanga wodwa. (1)

2.8 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo:

zazaziwa ngokusina **uma sezimnandi.** (2)

2.9 Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi uManyoba waqonywa yintombi yakwaNdlovu ngaphambi kokuthi eye kwandonga ziyaduma. (2)

2.10 Ngabe yini eyayenza ukuthi unkosikazi kaMjwayeli angamphathi kahle ubabezala wakhe ngesikhathi ehlala nabo eThekwini. (2)

2.11 UManyoba ungumlingiswa omkhulu kule noveli. Sekela lesi sitatimende esingenhla ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.12 Chaza ngodweshu lwangaphandle phakathi kukaMaNene kanye noMaNdlovu. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

Lo mfana enimbona lapha phambi kwenu, ziyamazi lezi zingane, ingane kaZakwe ezakhula nayo zingabafana, isiwuMfundisi eMnambithi. Sasingasayiboni thina sabonwa yiyona. Yasibingelela. Savuma. Sathi sithi ibisibingelela nje ngoba ibingelela abantu abadala. Cha yaqhubeka yasibuza ukuthi siyangamaphi. Sathi: khimilili. Sake sabukana simangele ukuthi ngabe ubani lo mfana osibuza sengathi uyasazi. Ngemuva kwalokho kudideka, umfana wasitshela ukuthi yena ungubani wakwabani, kuphi nokuthi usengumfundisi waliphi isonto. Sajabula kakhulu ukubona ingane esaziyo endaweni lapho sasithi asizukwaziwa muntu. Lo mfana waphinda wasibuza ukuthi siphokophelephi na? Asikwazanga ukusenga ezimithiyo kulo mntwana. Samtshela inhloso yethu nokuthi siqhamukaphi. Lo mntwana ukholiwe ngeqiniso, wasithatha wasisa emzini wakhe ngoba kwase kuhlwile, salala khona.

Ngaphambi komkhuleko wasebusuku, esasikade sawugcina sindawonye, waphinda wasibuza futhi ukuthi sihlose ukuhamba nje singaziwa lapho siya khona? Savuma. Waqala umthandazo, waqeda. Ekugcineni wase esiluleka saphenduka izingane ngoba wasitshela ngendawo esiyaziyo futhi esingayicabanganga nasekuqaleni. Ukuba sayicabanga, ngabe asizange sicele usizo ezinganeni zethu, ngabe savele saziyela khona kwasekuqaleni. Lo mntwana wathi kunokuba sidwanguze singaziwa lapho sikhona, yena ubona kungcono ukuba siye kwaSizabantu kwaMaphumulo

ngoba khona akucwasa muntu, kuthathwa noma yimuphi umuntu. "UMfundisi ikholwa elisiza wonke umuntu. Unika umuntu indawo nokudla bese ekunika okukhulu kunakho konke, ukudla komphefumulo. Kwantwela enzansi kithi.

2.13 Ngubani isibongo somfundisi okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana esingenhla? (1)

2.14 Bhala igama ledolobha oManyoba abahlangana kulo nalo mfundisi ngokwalesi siqeshana osifundile. (1)

2.15 Ngabe kuyakholeka noma cha okwenziwa ngumfundisi ngalolu suku ahlangana ngalo noManyoba edolobheni. Sekela impendulo yakho. (2)

2.16 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo mbuzo olandelayo njengoba lisetshenzisiwe esiqeshini:

"...wasibuza ukuthi **siphokophelephi** na?" (2)

2.17 Uthini umbono wakho ngesinqumа sikaManyoba sokuthola izinsizwa ezazizohamba naye uma eya esikoleni sasebusuku. (2)

2.18 Ngokucabanga kwakho kwakungumqomdo omuhle yini ukuthi abantu ababehlala emahostela njengoManyoba babe nezinto zokuzithokozisa uma bengasebenzi kuyizimpelasonto? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.19 Xoxa ngokuphumelela kombhali ukusivezela igwijikhwebu kule noveli (2)

2.20 Ukuba wawunguMaNdlovu wawuyovuma yini ukuyeka umsebenzi wakho wasejalidini uyohlala ekhaya ubheke umuzi nabantwana? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

Wayengazi kahle ukuthi uphuma nini emsebenzini; nokho wathi uzolinda nje uyoze aqhamuke uTholakele. Nembala uthe efika ekhaya uBhekani waphuthuma ukushintsha. Uthe esethi uyolinda uTholakele wabizwa unina.
"Bhekani siza uphuthume uganwe mfana kubi. Ngithe **ngisathathe isihlwathi** emini wafika futhi uyihlo ngephupho. Ngisho esaphila mfana wami angikaze ngimbone ecasuke kangakaya."
Wabona uBhekani ukuthi unina uyamlibazisa, washeshe wathi nje:
"Cha ngiyezwa mama. Kuzolunga. Kukhona lapho engisaphuthuma khona. Ngizobuya siyixoxe kahle le ndaba."
Akabange esavalelisa kunina **waphuma waqhasha**. Uye loya enyuka ngomgwaqo. Uhamba uyacabanga. Kazi uzomthola yini uTholakele! Konje uzomqala ngaphi? Athi cha, icebo liyozakha. Akwaziyo nje ukuthi uzolala exoxe kabanzi noTholakele.
Aqhamukele emgwaqeni wezimoto. Amangale kakhulu. Nangu uTholakele. Abukisise uBhekani. Nguye impela uTholakele. "Nkosi yami," kusho uBhekani. UTholakele wayehamba nomunye wesilisa. Axakeke uBhekani ukuthi uzomisa kanjani. Okubi futhi ukuthi uzohlangana nabo laba bantu. Wehle umfutho wokushesha kwakhe manje. Afise ukucasha. Akulula, kusobala kwabha. Nabo oTholakele sebembonile futhi.
Kufike inhliziyo embi ethi akamcele uxolo uTholakele noma ehamba nalo muntu. Abuye esabe. Azitshele ukuthi kokunye uTholakele uzomkhumbula ngoba umbonile ekuseni.

| | | |
|---|---|---|
| 3.1 | Ngubani lo uBhekani ayefisa ukuxoxa naye ngalolu suku? | (1) |
| 3.2 | Usebenza kuphi uBhekani? | (1) |
| 3.3 | Yini eyamangaza uBhekani ngesikhathi eqhamukela emgwaqeni ngalolu suku? | (1) |
| 3.4 | Iyiphi le nkinga umama kaBhekani abhekene nayo ngokwalesi siqeshana? | (2) |
| 3.5 | Bhala isizathu sikamama kaBhekani sokuthi abe nesifiso sokuthi indodana yakhe ishade uLindiwe. | (2) |
| 3.6 | Uyavuma noma uyaphika ukuthi abakhongi ababethunywe nguBhekani benza iphutha ngokunikeza uZenze nomzala wakhe imali yamalobolo. Sekela impendulo yakho. | (2) |

3.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **"ngisathathe isihlwathi"** sisho:

A Ukulala kuze kuse.
B Ukulala isikhashana.
C Ukulala kakhulu.
D Ukulala emini. (1)

3.8 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Akabange esavalelisa kunina **waphuma waqhasha**. (2)

3.9 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uBhekani wayenenhloso yokukhuluma nalo wesifazane okuvela igama lakhe kulesi siqeshana (2)

3.10 Ngabe kungumqondo omuhle yini ukuthi umngani wakho akuxoxele yonke into eyenziwa yilo othandana naye njengoba kwakwenza umngani kaBhekani kuyena? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.11 UBhekani ungumlingiswa omkhulu kule noveli. Sekela lesi sitatimende esingenhla ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.12 Chaza ngodweshu lwangaphandle phakathi kukaBhekani noBhatomu ngesikhathi uBhekani ephuma esibhedlela. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

Akahlalanga isikhathi eside. Wafika uTholakele. Muhle nanamuhla uTholi lo. Ushaye zona futhi ezimnyama kodwa hhayi ezifana nezayizolo. Athi uma ebuka lezi zingubo uBhekani akhumbule amagama kaSifiso. Ubuhle bukaTholi busheshe buwususe lo mqondo omfikelayo.
"Singayitholaphi indawo esingahlala kuyo isikhashana eside nje Tholakele?"
"Asiye kwami. Uzokhululeka lapho, akukho nkinga."
"Kanti uhlala wedwa?"
"Ngihlala ngedwa."
"Kungcono-ke uma kunjalo."
"Asihambe-ke."
Bahamba belinganisene uBhekani noTholakele. Abone uBhekani ukuthi bayalingana. Wakheke kahle uTholakele. Ubukhosikazi bumfanele impela. Abaxoxanga kakhulu endleleni, uTholi imibuzo eminingi wayethi uzoyiphendula endlini. Bathe befika endlini, wavula uTholi, bangena.
"Kuhle lapha endlini yakho Tholi."
"Ngiyabonga. Izinto zami eziningi zasala ekhaya."
Akukho sihlalo lapha. UBhekani kwathiwa akahlale embhedeni.

"Ngingakwenzela isiphuzo?"
"Ngingajabula kakhulu."
UTholakele wenza isiphuzo nje uBhekani uthola ithuba lokumbuka kahle. Isiketi asigqokile sinezinkinombo phambili ezisuka phezulu ziphele ezansi. UTholi akazifasile ezimbili ezingasekugcineni. Amehlo kaBhekani awasasuki kuleso sikhadlana sezinkinobho esiveza ithanga likaTholi.
Aqede ukwenza isiphuzo uTholi, asibeke oqwembeni lokhethe oluhlotshisiwe, asilethe. Bahlale basondelane.
"Ngethemba ukuthi awuze ngakho ukuzongeshela lapha Bheki. Ngikuthatha njengesivakashi nje sami."
La magama aqhumisa okwesitshwebhu ezindlebeni zikaBheki.

3.13 Bhala igama lokathisha owayefundisa noBhekani? (1)

3.14 Ngokwalesi siqeshana wayegqoke izingubo ezinjani uTholakele ngesikhathi ebonana noBhekani ngalolu suku? (1)

3.15 UBhekani akakholelwa ezintweni umama wakhe ayezitshelwa abantu ababonayo. Sekela lesi sitatimende. (2)

3.16 Chaza lama gama abhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo njengoba esetshenzisiwe kulesi siqeshana:

**Wakheke kahle** uTholakele (2)

3.17 Uthini umbono wakho ngesinqumo sikaLindiwe sokubuya emva kwesikhathi eside azoxolisa kuBhekani? (2)

3.18 Ngokucabanga kwakho kungumqomdo omuhle yini ukuthi abantu besilisa baqonywe yizintombi eziningi njengoba kwakwenza uBhekani? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.19 Isenzo sikaBhekani sokungalaleli uma eboniswa ngobubi bukaTholakele kwaba namthelela muni empilweni yakhe. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.20 Le ndaba inesiphetho esihle esingalindelekile. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G

***(KukwaDuma. UDuma, uMbandlwa kanye noMaShezi bahleli endlini yokuphumula bayaxoxa.)***

| | |
|---|---|
| DUMA: | (*ehleka*) We Mbandlwa! Uyazi nje ukuthi wena awubizwa manje ngoMbandlwa? |
| MBANDLWA: | (*uyamangala)* Uthini manje? Kanti mina ngingubani? |
| MASHEZI: | *(ahebeze ngesandla, ebuka uDuma ngeso lengulube*) Hhayi bo! Yini manje? |
| DUMA: | He! He! Nango-ke uMaShezi **ehebeza**. Yiqiniso phela leli engizama ukulitshela uMbandlwa. |
| MASHEZI:: | (*athukuthele*) Nobulima buyiqiniso? |
| DUMA: | *(abuyise inhlozi)* Abukho ubulima lapha wena MaShezi. Angithi nawe uyazi ukuthi uMbandlwa usebizwa ngempohlo. |
| MBANDLWA: | (*athukuthele)* Mina! Mina! Ubani obizwa kanjalo? |
| DUMA: | (*ubuso bunokumamatheka)* Wena Mbandlwa! Nguwe impohlo! |
| MASHEZI: | (*usethukuthele kakhulu)* Hhayi bo! Uqondeni ngale nto kodwa baba? |
| MBANDLWA: | (*iyenyuka intukuthelo)* Abangiloboleli ngani-ke uma bekhathazekile ngobumpohlo bami lobo? Abosho kimi ngizwa khona bezobona kahle ukuthi impohlo leyo injani. Ngiyazi yile nkosana yenu nezinduna zayo abasho kanjalo. Abahambe bayoshona-ke ngoba impohlo isazolokhu ingunobhala wenkansela. Angithi yiyo le mpohlo ezobalethele intuthuko? |
| MASHEZI: | *(sakuncenga*) Ungazihluphi ngalo mbhedo owutshelwa nguDuma wena Mbandlwa. Wena ubaluleke kabi kule ndawo. Indaba yempohlo mina ngiqala ukuyizwa ngaye lo. *(esho ekhomba uDuma)* |

4.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

4.2 Ubani obizwa ngempohlo ngokwalesi siqeshana osifundile? (1)

4.3 Onjani umuntu obizwa ngempohlo? (2)

4.4 Yini eyayenziwa uDuma ukukhombisa ukuthi akayihloniphi inkosi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.5 Tomula umusho okulesi siqeshana ositshela ukuthi uMbandlwa ukholelwa ukuthi abantu abafafaza le ndaba yokuthi uyimpohlo uShandu noDlamini. (2)

4.6 Chaza ngamaphuzu AMABILI ukuthi kwaba namthelela muni ukushona kukaDlamini noMbandlwa kulo mdlalo? (2)

4.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo lisho...

"He! He! Nango-ke uMaShezi **ehebeza**" Lisho ukuthi...

A Khulumani kahle ngezandla.
B Ukuvimba inkulumo ethize ngezandla.
C Ukubhala phansi inkulumo.
D Ukukhulumela phezulu nibe nisebenza. (1)

4.8 Inkulumo-mpendulwano phakathi kukaDuma, MaShezi noMbandwa ihambisana kanjani nesizinda sesikhathi kulo mdlalo? (2)

4.9 Yini eyaphazamisa umhlangano wokuqala owawuhlelwe nguMbandlwa nekhansela lendawo? (2)

4.10 UMazongolo ungumuntu othanda uxolo nokuthula. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.11 Hlobo luni lomdlalo lolu ngokwendikimba yawo? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

**(Baqikileke ngenxa yokwethuka oShandu noMaNgema.)**

SHANDU: Ngena Mzizi!

MANGEMA: Anginishiye nobabili baba. *(asukume)*

DLAMINI: *(angene)* Sanibona Ndabezitha! *(ahlale esihlalweni)*

SHANDU: Yebo Mzizi.

MANGEMA: Ninjani kodwa Mzizi?

DLAMINI: Siyaphila Ndlunkulu kodwa nina?

| | |
|---|---|
| MANGEMA: | Hhayi! Siyaphila Mzizi. *(athule kancane)* Anginishiye nizosale nixoxa kahle. *(aphume)* |
| SHANDU: | Yebo-ke Mzizi. Awusho, unjani umoya ebantwini? |
| DLAMINI: | Wo! Ndabezitha, yilokho nje. Kukhona ukuxokozela okukhona ebantwini ngoba bayezwakala abakhala ngokungahlonishwa kukaNdabezitha kanye nabanye abakhala ngokucindezelwa kwekhansela labo. Labo-ke yilabo abathi intuthuko imile ngakho belu ukucindezelwa kwekhansela. |
| SHANDU: | Kwakubi-ke lokho Mzizi. Inkinga nje ngukuthi uDuma akahloniphi. Abantu abanjengoDuma benza kuthiwe amakhosi avimba intuthuko. Yebo sonke siyayifuna intuthuko kodwa nenhlonipho futhi siyayifuna. Incwadi engayibhalelwa yisikhulu somnyango wethu yanginika isithombe sokuthi uDuma wayemane wathi mina ngime endleleni yentuthuko. *(athule kancane)* Mzizi! Ngicela ungilalele kahle. Njengamanje sengifuna ukwenza into ezodiliza lo mthwalo osemahlombe ami. |
| DLAMINI: | Ndabezitha! *(abonakale emangala)* |
| SHANDU: | Impela Mzizi, sengibuke ngabuka, ngabona kungcono ngenze okuzokwenza izintatheli ziyeke lokhu kubhala ngegama lami emaphephendabeni. Sengikhathele Mzizi. |

4.12 Ngubani unkosikazi kaShandu? (1)

4.13 Kungani inkosi ibiza uDlamini ngoMzizi? (1)

4.14 Hlaziya isakhiwo salo mdlalo ngokulandela izihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

4.14.1 Isingeniso. (2)

4.14.2 Isiphetho. (2)

4.15 Uyazwelana yini nezingane kanye nabantu besifazane bakule ndawo mayelana nodlame olwaluqhubeka endaweni?
Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. 2)

4.16 Wena ukube wawunguDlamini wawuyohambisana yini nesinqumo sikaShandu sokuthelelana amanzi noDuma?
Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.17 Isenzo sikaMaShezi noMaNgema sokudala uxolo endaweni singenzeka yini empilweni yangempela? Sekela impendulo yakho. (2)

4.18 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 4.18.1 USidamba | A Unogada |
| 4.18.2 UFohloza | B Amadoda amane asekhulile |
| 4.18.3 Umkhandlu wenkosi | C Ummeli |

(3)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

*(Ekuseni kwaMbhele. UMbhele usanda kuphuma ngemoto eyovula ezitolo. Umkakhe uSonto usathi uqoqa izitsha zetiye ebeliphuzwa nguMbhele. Kuvuleke umnyango ngewala, kungene uMthofi)*

SONTO: *(Ngokwethuka)* Hawu! Mthofi, waze wangethusa! Uqhamukaphi usungena ungangqongqo...?

MTHOFI: *(Ngolaka)* Uzongibuza ukuthi ngiphumaphi wena doti, awazi yini?

SONTO: Usuphumile yini ejele masinyane kangaki?

MTHOFI: *(Akhiphe isibhamu)* Angizanga ukuzophendula imibuzo engathi shu lapha. *(Ekhangeza)* Imali yami ayihlale esandleni!

SONTO: *(Avule amehlo ngokwesaba)* Uyazi Mthofi, kunengane la endlini njengoba ukhipha isibhamu nje.

MTHOFI: *(Ngokubhuqa)* Sewaze wathola nengane, kukuhambela kahle impela sisi. *(Emkhomba ngesibhamu)* Imali yami la!

SONTO: *(Ephakamisa izandla ephefumulela phezulu)* Ungangibulali Mthofi, uzoyithola imali yakho.

MTHOFI: *(Esikhombe ngqo ebusweni bukaSonto isibhamu.)* Ucabanga ukuthi uyazi wena doti! Wawucabanga ukuthi ngizofela ejele yini?

SONTO: Angishongo ukuthi kwakufanele ufele ejele.

MTHOFI: *Fifteen years* ngiboshiwe awukaze uzongibona nakanye.

SONTO: Ngangi...

MTHOFI: *(Akhulume uSonto engakaqedi ukukhuluma)* Wathi angibulale umkaMbhele ngoba nje ufuna ukuthi kungene wena emafutheni. Wafa umkaMbhele ngenxa yakho.

| | |
|---|---|
| SONTO: | *(Ngokuthukuthela)* Lowo mfazi nguye owangidelela, kwakumfanele ukufa. |
| MTHOFI: | *(Ehlisa isibhamu.)* Pho wawungimpimpelani emaphoyiseni? Angithi wawubalekela ukukhokha imali yami? *(Enikina ikhanda, enxapha.)* Nithatha amashansi Sonto. |
| SONTO: | *(Ngolakana)* Musa ukungisanganela, angithi nguwe owahluleka ukubaleka, amaphoyisa akuthola, waboshwa? |

5.1 Wayekuphi uMbhele ngesikhathi kufika uMthofi emzini wakhe ngalolu suku? (1)

5.2 Wayenzani uSonto ngesikhathi kufika uMthofi emzini wakhe? (1)

5.3 Bhala isizathu sikaMthofi sokuzobona uSonto ngalolu suku. (2)

5.4 Yini eyenza uMthofi athi uSonto wampimpa emaphoyiseni? (2)

5.5 Tomula umusho okulesi siqeshana ositshela ukuthi uSonto akazange amvakashele uMthofi ngesikhathi esejele. (2)

5.6 Chaza ngamaphuzu AMABILI ukuthi kwaba namthelela muni empilweni kaMbhele ukushada noSonto. (2)

5.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Ibinzana elithi: "ufuna ukuthi kungene wena emafutheni." Lisho ukuthi...

A Ufuna ukungena ejele.
B Ufuna ukungena embusweni.
C Ufuna ukungena ethuneni.
D Ufuna ukungena esikoleni. (1)

5.8 Inkulumo-mpendulwano phakathi kukaSonto noMthofi ihambisana kanjani nesizinda sesikhathi salo mdlalo? (2)

5.9 Yini eyenza ukuthi uMthofi aphulelwe isigwebo ayesitholile? (2)

5.10 UMthofi uyisigebengu esingenalo uzwelo. Sekela lesi sitatimende. (2)

5.11 Hlobo luni lomdlalo lolu ngokwendikimba yawo? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

| | |
|---|---|
| MBHELE: | Yini ngisole sengathi udinga okuzokunika umfutho wokukhuluma nje sisi? |
| SONTO: | Umfutho wani manje Mphemba |
| MBHELE: | *(Ekhuluma kunyuke izwi)* Hhayi bo! Kanti lowaya muntu akangenanga yini lapha endlini? |
| SONTO: | Hhayi bo! Uma usungithethisa kangaka izothini manje ingane? |
| MBHELE: | Nakhu ngigulelwa unkosikazi ephathwa izindlebe bo! Umbuzo wami uthi kanti lowaya mlisa akangenanga yini lapha endlini? Musa-ke ukungitshela indaba yoZinhle abazothini lapha. Ngiphendule-ke. Akangenanga umlisa wesibhamu? |
| SONTO: | Ungenile. |
| MBHELE: | Wafike wathini? |
| SONTO: | Kukhona amfunayo. |
| MBHELE: | Sonto, wakhulumisa okwengane nje? Chaza konke okufanele ngikwazi |
| SONTO: | *(Ekhuluma engazwakali)* Hhayi, uthe kunabafana abajahayo, manje ubebheka ukuthi abangenanga yini lapha. |
| MBHELE: | Ukuze ilunge le nto ake ngithinte abomthetho bazoyilungisa yonke le nto. *(Akhiphe iselula ephaketheni)* |
| SONTO: | Cha! Sithandwa sami asikho isidingo. *(Abambe isandla sikaMbhele esineselula)* |
| MBHELE: | Yini indaba sengathi kukhona okufihlayo nje sisi? |
| SONTO: | *(Ezikhalikhalisa)* Akukho myeni wami. Ukuthi isibhamu saleya ndoda singithuse kakhulu. Ngisadidekile namanje ingakho kungathi angazi ukuthi kumele ngithini. Manje amaphoyisa azongibuza imibuzo eminingi. *(Washo esikhihla isililo)* |
| MBHELE: | *(Afake iselula ephaketheni bese anga uSonto.)* Ubungasho ngani sonke lesi sikhathi ngize ngikuthethise kangaka s'thandwa sami? |
| SONTO: | *(Eciphiza)* Ngisadidekile namanje Mphemba wami. |
| MBHELE: | *(Emdedela)* Akazange ayibone yonke le nto umntanami. |
| SONTO: | Cha, ubesalele. |

5.12 Ngubani uZinhle okuvela igama lakhe kulesi siqeshana osifundile? (1)

5.13 Ukuphi uZinhle njengoba kukhulunywa ngaye nje? (1)

5.14 Hlaziya isakhiwo salo mdlalo ngokulandela izihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

5.14.1 Isingeniso. (2)
5.14.2 Isiphetho. (2)

5.15 Uyazwelana yini nomphakathi mayelana nobugebengu ababebhekene nabo kule ndawo yabo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.16 Wena ukube wawunguMbhele wawungayikholwa yini le ncazelo uSonto akunikeza yona mayelana nesizathu sokuthi uMthofi angene nesibhamu emzini wakho? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.17 Le nto eyenziwa nguSonto yokuthenga izigebengu ukuba zibulale umyeni wakhe ingenzeka yini empilweni yangempela? Sekela impendulo yakho. (2)

5.18 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 5.18.1 UNhleko | A Umakhelwane kaMbhele. |
| 5.18.2 UDlamini | B Unobhala. |
| 5.18.3 UMaNsibande | C Ngumseshi. |

(3)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO-N Zulu***

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

*(Kungasesitolo uDumisani uhlangana noThenjiwe ehamba noSipho)*

SIPHO: Washo-ke ukuthi kanti emzini ubuyiswe inkinga enjalo.

THENJIWE: Angibuyile unomphela njalo. Kukhona abathi basafuna ukungichazela khona.

SIPHO: Yini le ekufuneka ichazwe usekhona?

THENJIWE: Izinkinga zamasiko Sipho. Emva kokushona kukaSikhumbuzo phela emzini bathi angigane umfowabo omncane.

SIPHO: Kahle wena?

| | |
|---|---|
| THENJIWE: | Ngempela. |
| SIPHO: | Bazi kanjani ukuthi nizothandana? |
| THENJIWE: | Bavele bathi yisiko. Ngenqaba-ke mina. Bathi angize ekhaya-ke ukuze ngelulekwe |
| SIPHO: | Kodwa yena lowo mfowabo uyakuthanda uma ubuka? |
| THENJIWE: | Ubengangithandi yena kodwa muva nje, ngibona sengathi usenzela abazali bakhe. Ngisafuna ukumbona ngimtshele ukuthi akakhohlwe yimi. |
| SIPHO: | Kodwa yena angajabula kanjani esedla ngandoda engashelanga. |
| THENJIWE: | Kusho ukuthi isishimane phela. (Ahleke) uyazi ukuthini Sipho, sengimzonda kabi lowa mfana. **Ngicabanga ngisho ukumenza kabi** inkosi impela. |
| SIPHO: | Kuyofuneka umtshele ukuthi awumfuni nje kwaphela. |
| THENJIWE: | *(Athi ukuma abukisise phambili)* Sengathi uyena nje uDumisani loya? |
| SIPHO: | Uphi? |
| THENJIWE: | Kulaba bantu abaseduze kwendlu. *(Akhombe)* Uyena nanti iyembe lakhe eliluhlaza. |
| SIPHO: | Uzokwenzenjani manje? |
| THENJIWE: | Angizukwenza lutho. |
| SIPHO: | Uma ekubiza? |
| THENJIWE: | Angalokotha? |
| SIPHO: | Mhlawumbe uzofuna wena lapha esitolo. Yini asuke kude kangaka aze azofika kulesi sitolo sangakini. |

6.1 Bahlobene kanjani abalingiswa abaxoxayo kulesi siqeshana osifundile? (1)

6.2 Yini le okwakufanele uThenjiwe ayichazelwe ngabakubo? (1)

6.3 Bhala isizathu sikaDumisani sokuza esitolo esingakubo kaThenjiwe ngalolu suku. (2)

6.4 Yiziphi izizathu ezazenza uThenjiwe angafuni ukugana uDumsani aze azame ukumbulala? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.5 Tomula umusho okulesi siqeshana ositshela ukuthi uThenjiwe wayesazobuyela emzini. (2)

6.6 Chaza ngamaphuzu AMABILI ukuthi ukuboshwa kukaSipho ngecala lokugwaza uDumisani kwaba namthelela muni empilweni yakhe? (2)

6.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Amazwi athi; "Ngicabanga ngisho ukumenza kabi inkosi impela" asho ukuthi...

A Ukumenza into ebuhlungu.
B Ukumenza into ezomjabulisa.
C Ukumenza umngani wakho.
D Ukumenza isilima njalo. (1)

6.8 Inkulumo-mpendulwano phakathi kukaSipho noThenjiwe ihambisana kanjani nesizinda sesikhathi salo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.9 Yini eyayenza uThenjiwe abe nesifiso sokubuyela ekhaya kubo? (2)

6.10 UThabi ungumuntu owuthanda kakhulu umndeni wakhe. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.11 Hlobo luni lomdlalo lolu? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

| | |
|---|---|
| MONDISE: | Kubi ukungalaleli. Usufuna ukuyokonisa udadewenu-ke manje kanti uzihlalele kahle emzini? Ufuna ukubonani kanti? Ufuna ngikubambe ngezandla? |
| THENJIWE: | *(Zigcwale amehlo)* ngiyaxolisa baba. Ngicela wazi ukuthi ukubuyela kwami emzini akusho ukuthi ngiyogana uDumisani. |
| MONDISE: | Le nkani yakho isifake abantu abaningi ezinkingeni. Ngiyajabula ngoba amaphoyisa ambopha ngokushesha uSipho. |
| THENJIWE: | Hawu baba uSipho uboshiwe? |
| MONDISE: | Uboshiwe, angithi uyena lo odala ube nenkani. |
| THENJIWE: | USipho akanacala wayengilamulela. |
| MONDISE: | Ukhona umuntu olamula ngommese? Lunga-ke ntokazi. Kuzofuneka sidlule kugogo wakho. Uvele wavukwa ukugula kwakhe ezwa lezi zimanga zakho. Angazi noma siyomfica esaphila. |
| THENJIWE:: | Uthi nimtshelile ukuthi ngiganiswa umuntu ngingamfuni. |
| MONDISE: | Usuyomtshela wena lokho. Thina usibeka icala lokuthi asikufundisanga ngani onke amasiko esintu. Cishe naye ufuna |

| | |
|---|---|
| | ukulahlela umlomo okokugcina. |
| THENJIWE: | Angifuni baba ukubuyela emzini. |
| MONDISE: | Ayikho into engenziwa manje. Emva kokulimala kukaDumisani uyaphoqeleka ukuthi uhambe. Sizosuka ngezimoto zasemini lapha ukuze sedlule esalukazini. Siyahamba akukho okunye uyangizwa? |
| THENJIWE: | Kodwa ba.......... |
| MONDISE: | Sengathi usungikhohliwe wena. Siyahamba emini. Kuphela-ke. Uyezwa? |
| THENJIWE: | Ngiyezwa baba. |
| MONDISE: | Uma sengithi asihambe, siyobe sesihamba. Emzini angisafuni msindo ozowususa manje. Ngifuna uzithobe ufane nemvu.<br><br>Ususiphoxe kakhulu. Hamba uqoqe izimpahla zakho zonke. (*bahlukane*) |

6.12 Ngubani lo Dumisani okuvela igama lakhe kulesi siqeshana osifundile? (1)

6.13 Ukuphi uSipho njengoba kukhulunywa ngaye nje? (1)

6.14 Hlaziya isakhiwo salo mdlalo ngokulandela izihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

6.14.1 Isingeniso. (2)

6.14.2 Isiphetho. (2)

6.15 Uyazwelana yini nabafelokazi bakule ndawo okukhulunywa ngayo kulo mdlalo ngokuphoqwa ngesiko lokungena. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.16 Wena ukube wawunguSipho wawuyokwenzenjani ngesikhathi uDumisani ehlukumeza uThenjiwe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.17 Ucabanga ukuthi leli siko lokungena lingasebenza ngempumelelo yini kubantu basemadolobheni besimanjemanje abashade umshado wasenkantolo/wasesontweni? (2)

6.18 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 6.18.1 UNondumiso | A Umngani kaThenjiwe. |
| 6.18.2 UGugu | B Umama kaDumisani. |
| 6.18.3 UMaMbatha | C Udadewabo kaThenjiwe. |

(3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

### UMBUZO 7

7.1 **'UMUNWE' – S Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

Akuyona into engiyenza ngamabomu kodwa sekwejwayeleka nje. Angivamisile ukubuza isibongo uma ngikhuluma nentokazi. Lanele igama. Ngiyibona ilibazisa futhi yezelisa nje indaba yokubuzana nondendende lwezibongo lapha. Yisidala leso. Uma uphila kulo mhlaba, kufanele uhambisane nezikhathi. Ziyashesha izinto.

'Ngiyabonga ukukwazi Bhuti,' kusho yona le ntokazi ewuZodwa, ingibuka ngamehlo ayo amakhulu, amhlophe, angibuka sengathi akhathele. Ngaluzwa lungithi he, uvalo olubandayo. La magama aphume emva kokuba sengishilo ukuthi ngifisa kwenzekeni phakathi kwami naye uZodwa lo.
'Ngiyajabula uma ngisho into ezwakalayo Sisi. Kuyangijabulisa ukuzwa ukuthi iyamukeleka le nto ebengikutshela yona,' kusho mina ngethemba lokuyizuza le ntombi enhle kangaka. Nansi nale ntokazi **ichobozela**, ibheka phansi. Le nto eyenziwa yile ntokazi, ingikhumbuza umkhuba owawenziwa yizintombi zakudala. Zona zazichobozela uma zikhuluma nensizwa, hhayi le nto eyenziwa yilezi zanamhlanje. Ezanamhlanje zivele zikuthi njo ngamehlo, kuze kube uwena okhophozayo. Le ntokazi elapha ephambi kwami sengathi isenazo izimpawu zenhlonipho. Sengathi ngihlangene nomuntu ozongihlonipha, ngiyasola. Umuntu ohloniphayo ubonakala ngazo lezi zimpawu. Pho yini engingathi ngiyayifuna kumuntu wesifazane ngoba yiyo inhlonipho ebalulekile.

'Akunjalo-ke Bhuti. Ukuyizwa kwami into oyishoyo, akusho ukuthi

| |
|---|
| ngiyayemukela. Ngeke ngivele ngamukele into efana nalena kumuntu engingamazi. Ngikholwa wukuthi akulula ukwamukela into enjena kumuntu oqalayo ukuxoxa naye. Angikholelwa neze kuleyo nto. Ngiyakuzonda ukuba uthathekile. Ngiyalesaba ihlazo.'<br><br>'Hhayi, kahle Zodwa. Musa ukuyibeka kabi le nto. Ukwamukela into eshiwo wumuntu oqalayo ukuxoxa naye, akusho ukuthi ungumuntu owuthathekile.' |

7.1.1 Wenza msebenzi muni lo mlisa esibhedlela asebenza kuso? (1)

7.1.2 Wayesebenza kusiphi isibhedlela engakezi kulesi akuso? (1)

7.1.3 Chaza kafishane ngamaphuzu AMABILI ukuthi yini eyayenza le nsizwa ibathembe kakhulu abahlengikazi. (2)

7.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Igama le nkosikazi yalo mlisa kwabe kungu ...

A Zodwa.
B Thandi.
C Fikile.
D Zandile. (1)

7.1.5 Yabona kanjani le ntokazi ukuthi umlandi/umxoxi wale ndaba ushadile? (2)

7.1.6 Le ndatshana yenzeka esikhathini samanje. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

7.1.7 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi izintombi zamanje azisenawo amahloni okubuka umuntu wesilisa emehlweni. (2)

7.1.8 Kwaba namthelela muni ukungayifaki indandatho yakhe emnweni lo mlisa? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.9 Ukuba yisoka kuhambisana nezinkinga eziningi. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

7.1.10 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi wonke amadoda ashadile awathembekile kumakhosikazi awo? Sekela impendulo yakho. (2)
**[18]**

**KANYE**

7.2 **'ILOBOLO' – S Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

| |
|---|
| Sekuphele izinyanga ezine elobolile ngokwamandla akhe. Yize noma ezamile ukujabulisa umukhwe wakhe ngokumkhokhela kodwa umukhwe akavumi ukukhipha usuku lomshado. Umshado oNgcwele wasesontweni. Incwadi yomshado yona isikhona. Kwadingeka ukuthi kuphuthunywe kuyobhaliswa enkantolo ngenxa yesimo esasithanda ukuba bucayi. Kwathi ukuba kuzwakale ukuthi kukhona umuntu mumbe ofuna ukuyithwala intokazi lena, kwavunyelwana ukuthi kufanele bashadiswe ngokushesha laba bobabili. UMandlenkosi useshadile ngokusemthethweni. Sekusele ukuthi ayodlula endlini yesonto, kuyobusiswa le ncwadi yomshado. UMandlenkosi ubesalokhu elulindile lolu suku lomshado olungafiki. Okubi kakhulu ukuthi umukhwe wakhe ubegodle ilobolo, wagodla nomakoti wase engezelela ngokugodla nosuku lomshado. Okwenza ibe buhlungu kakhulu inhliziyo kaMandlenkosi ukuthi umukhwe wakhe unesandla esiqine kakhulu. Akafuni ukuthi ingane yakhe ihlangane nomkhwenyana wayo kungakayiwa esontweni. Wasikhipha leso sexwayiso, waze wagcizelela. Waze wafunga wathi buyochitheka bugayiwe uma bengatholakala bendawonye laba bobabili. Kwancwajana yomshado ayisho lutho lapha kuyena, yinto asengayihliphiza kalula nje lena. Umukhwe wayeqhosha ngokuthi uMandlenkosi akaqedile ukukhokha. Kwaleyo madlana aseyikhokhile angabuyiselwa yona kungabi ndaba zalutho nje, kuqhosha umukhwe. |

7.2.1 Kwase kuphele izinyanga ezingaki elobolile uMandlenkosi? (1)

7.2.2 Bhala izinto EZIMBILI athi uMandlenkosi zazigodlwe umukhwe wakhe. (2)

7.2.3 Chaza kafishane okwakwenza inhliziyo kaMandlenkosi ibe buhlungu kakhulu ngokwalesi siqeshana. (2)

7.2.4 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi umukhwe kaMandlenkosi wayezibona enamandla okubuqeda ubudlelwano phakathi kwendodakazi yakhe noMandlenkosi. (2)

7.2.5 Fingqa ngomusho OWODWA ukuthi yaphetha kanjani le ndaba. (2)

7.2.6 Ngubani umlingiswa oqavile/omkhulu kule ndatshana? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

7.2.7 Umlandi/Umxoxi wale ndaba ubonakala engeyena omunye wabalingiswa. Fakazela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)

7.2.8 Bhala inhloso yombhali yokusibhalela le ndatshana. (2)

7.2.9 Ngokubona kwakho yini engenziwa ukugwema/ukuvimba ukufa kwabantu ezingozini zomgwaqo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
**[17]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

### UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Ngingoweliba –NL Luthuli**

Umzimba wam' uhlukene nomphefumulo.
Umzimb' ubuyele kwamhlab' emhlabathini
La owadabuka khona.
Umphefumulo awusenasabelo kwamhlaba.
Umzimba kuphel' onesabelo,
Ngob' ungoweliba.

Nendodana kaSomandla
Yaba ngeyethuna.
NgoLwesithathu **yalinqob' iliba,**
Yavuka kwabaleleyo.
Pho mina bengingahlala kanjani
Ngingabi ngoweliba na?

Um' indodana yoMunt' ingakabuyi.
Ngiyoba ngoweliba njalo.

Ngiyazi bayokhala balile,
Bathi balahlekelwe,
Bayosho baze bafakazelane
Ngent' eyodwa;
Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami.
Keph' engikwaziyo kunye,
Mina nabo singabeliba.

8.1.1 Yiyiphi le ndodana yomuntu okukhulunywa ngayo kule nkondlo? (1)

8.1.2 Tomula umugqa OWODWA esitanzeni sokugcina ositshela ukuthi wonke umuntu uyogcina efile. (2)

8.1.3 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okushiwo yimbongi ngokusobala estanzeni sesi-2. (2)

8.1.4 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala endimeni yokuqala, bese unika nesibonelo sakhona ngokutomula imigqa enalokhu kuxhumana. (3)

8.1.5 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe kulo mugqa olandelayo:

NgoLwesithathu **yalinqob' iliba,** (2)

8.1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo

"Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami", kusho....

A Ukudideka
B Ukulahlekelwa
C Ukubusa
D Ukuzuza (1)

8.1.7 Hlobo luni lwemvumelwano olutholakala kule migqa elandelayo:

Bathi balahlekelwe,
Bayosho baze bafakazelane (2)

8.1.8 Uthini umbono wakho ngomoya wale nkondlo? (2)

8.1.9 Uyavuma noma uyaphika ukuthi abantu bayawuthola umyalezo ocacile ngokufunda le nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
**[17]**

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Phansi – L.M.M.S. Madondo**

Umhlaba ungumhlaba ngokuhlaba
Uwuhloniphe uwukhonze uyakuhlonipha
Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha.
**Lunye kuwo uhambo**
Impinda ayikho.
Sinye kuwo isikhathi
Sifushane asenele

Ubupigogo nobusakabuli buyaqedwa
Bushazwe yizangqotho nemishazo yomhlaba
Omahlalothini abantengenyekayo ntengentenge
Bawe bhu bahuhuluze okwamahobosha
Abaqhwaklazela phezul' onontandakubukwa
Baphenduk' izinqibi kugayingane imilomo
Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili
Ngentobeko yobuphansi okwentuthwane
Ube phansi nangenzolo ezothile yobuntu.

(2)

8.2.1 Chaza umqondo osobala otholakala kule nkondlo. Bhala amaphuzu AMABILI

8.2.2 Bhala izilwane EZINTATHU ezibalwe yimbongi kule nkondlo. (3)

8.2.3 Bhala isenzukuthi esitholakala kulo mugqa olandelayo:

Bawe bhu bahuhuluze okwamahobosha (1)

8.2.4 Kungani imbongi isebenzise igama, "onontandakubukwa" emgqeni we-12? (1)

8.2.5 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala emgqeni we-15. (2)

8.2.6 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenzisiwe enkondlweni.

**Lunye kuwo uhambo** (2)

8.2.7 La magama alandelayo achazani ngendlela asetshenziswe ngayo kule nkondlo.

(a) Ubupigogo (1)

(b) Izinqibi (1)

8.2.8 Ngabe imbongi iphumelele yini ukusivezela ngokucacile indikimba equkethwe yale nkondlo. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.2.9 Ukubona kungakusiza yini ukungaziphakamisi? Sekela impendulo yakho. (2)
**[18]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**